BT NEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI
www.btnews.co.za • 31 August 2024




# Kuyaphela ngokudunwa kwamabhilidi eTheku

**Nash Ngcobo**

SEKUBOSHWE abantu abayi_100 batholakale bengenazimvume zokuhlala eNingizimu Afrika ngenkathi kupeqululwa emabhilidini athunjiwe eThekwini ngoLwesibili.

Lo mkhankaso wokuseshwa kwamabhilidi okugweve kuwo abantu bokuhamba, ugqugquzele wuNdunankulu waKwaZulu_Natali uMnuz Thami Ntuli ngokubambisana nazo zonke izinhlaka ezokuphepha esifundazweni.

UMphemba wenze lokhu ngenhloso yokuqeda ubugebengu obudla kubi esifundazweni nosebuxoshe izivakashi nabatshali imali.

Kulo mkhankaso uNdunankulu uNtuli unxuse iMeya yeTheku uMnuz Cyril Xaba ukuthi babambisane ekubuyiseleni ubuhle bedolobha osebushabalele.

UColonel Nhlanhla Mkhwanazi onguKhomishana amaphoyisa KwaZulu_Natali uthembise ukuthi kusazoboshwa inqwaba egcwele eThekwini ngokungemthetho.

Uthe nakuba be khona abanezimvume zokuba kuleli, baqhuba amabhizinisi endaweni enokungcola, nokuphambene kakhulu nezempilo nenhlanzeko, ITheku okufanele uqedwe nya.

"Sizoqhubeka kuwo wonke amadolobha waKwaZulu_Natali sipequlula konke okungalungile okwenzeka ezakhiweni ezidunwe yizigebengu," kusho uColonel Mkhwanazi.

Iningi lamabhilidi angcole ngendlela esabisayo akuMahatma Gandhi (Point Rd) nokuyilapho kugcwele yonke inhlobo yobugebengu osebuxoshe izivakashi, amabhizinisi nabatshali zimali eThekwini.

UNdunankulu uthe kula mabhilidi kutholakale izidakamizwa, imali ewumgunyathi yakwamanye amazwe, izikhali eziyingozi nezingekho emthethweni.

"Lo mkhankaso awuzogcina lapha eThekwini kodwa sizowubhekisa kuwo amadolobha esifundazwe.

"Siqale eThekwini ngoba yilapho kufikela khona izivakashi eziqhamuka emazweni aphesheya kwezilwandle.

"Kufanele libuyele esimweni sakudala iTheku sokuba ngezivakashi nosomabhizinisi abahweba ngokukhululeka endaweni engenabugebengu nehlanzekile," kuqhuba uGodide.

Bobabili laba baholi bathi bazoba yisibonelo esihle nakwamanye amadolobha anokungcola ukuze kubuye isithunzi eNingizimu Afrika kubuye nabatshali zimali.

UNdunankulu noMeya kulo mkhankaso bakhuthazwe noNgqongqoshe bezemiSebenzi yoMphakathi neNgqalasizindauMnuz Martin Meyer noMnuz Dean Macpherson abaphezu kokulandelela izakhiwo zikahulumeni ukuthi zisakulungele yini ukusetshenziselwa izidingo zomphakathi.



UMEYA weTheku uMnuz Cyril Xaba ubambisene noNdunankulu uMnuz Thami Ntuli ngokuseshwa kwamabhilidi aduniwe nahlalisa abantu ngokungemthetho eThekwini.

Okunye wukunciphisa izindleko zojuqasha lamabhilidi kube kunezakhiwo zikahulumeni ezingasasetshenziswa, kunciphe izindleko ezingenasidingo.

Bathi le mali ekhokhelwa izakhiwo ngokungenasidingo kufanele ibuyele emnyangweni kwezezimali isetshenziselwe ezinye izidingo zikahulumeni.



AIP ASSOCIATION OF INDEPENDENT PUBLISHERS


**Abadidiyeli**

**Editor**
Nash Ngcobo
btnewsinfo@gmail.com

**Marketing Manager**
Jolie Radebe
sales@btnews.co.za

**Follow us on**
Facebook: BTNews
Instagram: btnews2023
www.btnews.co.za

Office number: 031 909 0006





Nash Ngcobo 083 301 0869
Thobile Blose 079 227 8383
Thobile Zwane 082 382 9563

# Izokhuluma ngamathuba amabhizinisi ifestiveli yalonyaka

Sabelo Ngema

Ithulwe ngokusemthethweni phambi kwabezindaba ifestival yaminyakayonke Umlazi International Film Festival obanjelwe esikhungweni semfundo ephakeme iMangosuthu University of Technology ngoLwesithathu ekuseni.

Lesfestiveli yenzeka unyaka wesithathu kulonyaka kanti ibukeka izoheha amaciko amaningi kulonyaka ngoba sekufakwe nabalingisi abasha njengobuso bayo futhi abanye babo sebemnkantshubomvu kulomkhakha kubalwa noprojusa. Izokhuluma ngamathuba amabhizinisi kulomkhakha wezamafilimu.

Esinye sezikhulu salefestiveli uMnuz Micheal Ngema uvele ukuthi kulonyaka bazogxila kakhulu ekugqamiseni noma ekuqhakambiseni amabhizinisi endimeni yezamafilimu. "Inhloso enkulu esinayo ukuthi sithuthukisane ngokwamabhizinisi ethu kulomkhakha wezamafilimu siphinde sivule amathuba emsebenzi kulendima esikuyona," kubeka yena uMnuz Ngema.



Ithulwe ngokusemthethweni ifestiveli yamafilimu eMangosuthu University of Technology.

Khona lapho uphinde waveza ukuthi abafisa ukuthumela amafilimu abo ukuze adlalwe ngesikhathi sefestivali ezoba sekupheleni kwenyanga kaNovemba. "Njengamanje alinganiselwa ku 50 amafilimu esiwatholile amaciko esithumela kwi email yegh. Sizovala maduze.

Okhulumela lesikhungo uNks Mbali Mkhize uveze ukuthi bayakuthokozela ukusebenzisana nomphakathi waseMlazi futhi kuyamjabulisa ukubona amaciko ehlangene ngalendlela yokwakhana. "Thina njengesikhungo iMangosuthu sizolekelela ngalokho okusemandleni ethu ukuze kufezeke amaphupho enu njengoba sikwazile ukuninikeza indawo nezinye izinto," kusho Ms Mkhize.

Abaxhasi balefestiveli okubalwa kubo iDurban Film Office, Creative Arts College, Film Publication Board, Umlazi Township Tourism, Coastal Zone Entertainment, 48Hour Film Festival nabanye bebekhona kwethulwa lefestiveli.

Osaziwayo abebekhona kubalwa uBhekani Shabalala odlala kwiSbongile and the Dlamini's benengane yakhe uSbongile ogamalakhe langempela uLuyanda Zwane, uThabo Mnguni odume ngo Mbatha kuZalo, noSandile Dlamini owaduma kakhulu ngomfundisi Phakade Shongololo kwi Mbewu abanye abafikanga ngenxa yomsebenzi. Nomluleki walefesitiveli uMnuz Paul Nzimande ubekhona.

# Amasiko abuyiswa ngowesicathamiya sezikole

**Nash Ngcobo**

UMKHANKASO ewokugcinwa nokuqhakanjiswa kwamasiko, uvuselelwa ngomqhudelwano wesicathamiya sezikole zaKwaZulu_Natali.

Lo umqhudelwano uzobizwa nge_19 th High Schools Isicathamiya Choir Summit ese_The Opera Playhouse ngoLwesihlanu ngo_11h00.

Lo mncintiswano osufinyelele ezikoleni ezilinganiselwa ezi_2000, okuhloswe ngawo ukubuyiselwa kwabantu emasikweni abo nenhlonipho ngokunjalo.

UMnuz Chris Ntuli ongumsunguli weDurban Black Drifters efundisa izingane ngalo mculo ezikoleni uthi usevumbulule amakhono anhlobonhlobo ezinganeni zezikole abezihambela.

"Njengamanje ngiphezu lomkhankaso wokusungulwa kohlelo lomculo wesicathamiya kwithelevishini.

"Lokhu kuzobuyisa ubuntu nesithunzi okuzolandelwa wukuzethemba, nokuzigqaja ezinganeni, zikhule zizazi ukuthi zingobani, ziqhamuka kuphi futhi zibheke kuphi, " kusho uNtuli.

Uthe okuzogqama kakhulu ngalo lusuku wukuhlonishwa komsakazi woKhozi FM uDj Lee Hlophe ngokusabalalisa Isicathamiya sezikole kulo msakazo.

Esinye sezihambeli ezinohlonze kulo mcimbi nguDkt Madala Kunene osemnkantshubomvu emculweni wesintu.

Amaqembu ezikole esezike zahlabana kulo umqhudelwano kubalwa iNgcolosi Home Boys yaseBotha's Hill, Abafana baseNtembeni baseMelmoth, iMpumalanga White Birds baseHammarsdale noGlama kaMaskandi was eMgungundlovu.

Ngeminye imininingwane kungashayelwa kule nombolo 0733016740.

BTNEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

YOUR MONTHLY COMMUNITY **FREE** NEWSPAPER

You can book your space via email: btnewsbookings@gmail.com

**Contact No: 031 909 0006**
**www.btnews.co.za**

CONTACT THOBILE BLOSE NOW TO ADVERTISE & GROW YOUR BUSINESS!
e-mail: thobileb@btnews.co.za



Send us an email to subscribe and receive the monthly paper via email: btnewsinfo@gmail.com

# Uphilele iNkosi uZanele Mbokazi

Nash Ngcobo

"SENGIKWENZE konke, nansi imali ngifuna wonke umuntu ahlale phansi abhale i_proposal yokuthi uzokwenzani

"Hhayi lena ngeke iphumelele kulokhu okufunayo, qala phansi. Lena izolunga, qinisa lapha nalaphaya,

"Lawa ngamazwi ashiye wuZanele LaMbokazi Nkambule ezinganeni zakhe abesezifundise konke akwenzayo njengoba bezisebenza naye kanti usezozishiya emva kokunyonyobelwa yisifo somdlavuza esigcine simnqobile.

UZanele ufane nesosha elifele empini njengoba ehlabeke eshayela uhlelo lwakhe Eshilo Okhozini FM, kwaze wagcina kumenele.

Amazwi nokuthi usekwenze konke yingoba ubesebuyele ekusakazeni obekuyinto abeyithanda nebimxhumanisa nabantu abaningi esabalalisa induduzo, ukuze themba nokuhlala ekukhumbuleni uMdali kuwo wonke umuntu olalele.

Ukududuza abantu uZanele ukhule ngakho njengoba asungula iqembu lomculo wokholo amaKherubin eBandleni EliKhatholika.

Ubuqhalaqhala yinto akhule nayo futhi engaphumuli uma engakayitholi into ayifunayo.

Lokhu kufakazelwe yindlela okuphumelela ngayo iCrown Gospel Music Awards asedonse iminyaka eyi_15 futhi zakhula unyaka nonyaka.

Lo mncintiswano uvulele abaculi abaningi amathuba okubonakalisa amakhono abo.

Ushiya elimagade nje uZanele ubeseqalile ukukhuluma ngamalungiselelo omncintiswano walo nyaka njengoba ethe kuzobe



Amaphoyisa ephethe ibhokisi likaNkk Zanele Mbokazi-Nkambule.

kugqokwe izingubo ezimhlophe.

Nyakenye lo mncintiswano wenzelwe okokuqala eGauteng emva kweminyaka eminingi useThekwini nokuyilapho uqalwe khona.

Ukuqina kokhakhayi lukaZanele ekusebenzeleni umphakathi kubonakale ephephandabeni UMAFRIKA engosini yakhe Izwi LesiMame eyalanywa UMAFRIKA Women's Club.

Ukwesekelwa kukaZanele ngo zakwabo njengoba kwakuwumgomo wephephandaba, ukusizana kwezintatheli kumakhele ugazi.

Lo lugazi lumholele ekubizweni yiRadio Maritzburg ukuzosakaza kuyo.

URadio Zulu uzwa lokhu ugxume wahlala, wamqasha uZanele, kwaba ukuqala kodumo kwale ntokazi yaseThornwood.

UMAFRIKA njengebhodwe elipheke izintatheli eziningi ezinohlonze, wamkhulula. Efika kuRadio Zulu waqala uhlelo lwentsha Umgengane ayelusakaza ngeSonto emini olwaba nedumela elikhulu.

Ushiyile kuRadio Zulu wajoyina i_P4 Radio nokuyilapho ephuphe ukusungula inkampani iMirror Public Relations ezale iFuture Leaders neGospel Powerhouse.




Ubekwe endaweni yakhe yokugcina uZanele Mbokazi-Nkambule. Isithombe: Zanele Mbokazi Foundation /Twitter

## Izihlabani zoMzansi zihlangane ukuzohlonipha impilo kaConnie Chiume

Andile Tsotetsi

Impilo yowayeyisihlabani se-Yizo Yizo u-Connie Chiume igujwe enkonzweni yesikhumbuzo yakhe ngoLwesibili, 13 Agasti.

Inkonzo ibibanjelwe e-Oasis of Life Family Church eDaveyton, eKurhuleni. Ozakwabo bemboni yezomlingisi kanye nabangani baphume ngobuningi babo bezokhombisa uthando emndenini futhi bawuxhase.

Bamculela futhi bamdansela ngesikhathi bexoxa ngezinkumbulo ababenazo bendawonye ngesikhathi esaphila.

Lo mlingisi ushone eneminyaka engu-72 ubudala esibhedlela sase-Garden City ngoLwesibili, 6 Agasti. Ubuye aziwa ngelika-'Mamokete Khuse' kwi-Rhythm City, no-'Mam'sonto' kuGomora.

Umlingisi uSello Maake-KaNcube uthe wasizwa nguye ngesikhathi eqala ukulingisa. Uthe uyasibonga isikhathi namandla awathole ngaphansi kwakhe.

"Wayegcwele ukuphila futhi enakekela labo ababeseduze kwakhe. Ngikhumbula ngisakhula sasigqoka ngokusemthethweni uma siya kuma-auditions. Lolu kwakungolunye lwezinsuku ezimnandi lapho ngihlangana






Kubungazwa impilo yomakade ebona womlingisi uConnie Chiume, e-Oasis Of Life Family Church, eDaveyton. Isithombe: Icebelethu Group / Facebook

naye. Sibe nesikhathi esimnandi ndawonye esiteji nangaphandle kwesiteji," usho kanje.

UDkt John Kani uthe uConnie ubengumlingisi omangalisayo obezinikele impilo yakhe yonke ekulingiseni. Uthe yilokho ayemazi ngakho futhi wayeyisimangaliso.

"Sengimazi uConnie iminyaka eminingi futhi sasebenza ezinhlelweni eziningi ndawonye. Lapho ngizwa ngalezi zindaba ezibuhlungu, engangifuna ukwazi kwakuyindawo yakhe. Wayaziwa yonke indawo hhayi ngomsebenzi wakhe kuphela kodwa ubuntu bakhe. Ubenakekela wonke umuntu ngisho phesheya kwezilwandle futhi bashaqekile bezwa ngokushona kwakhe," kusho uKani.

Umlingisikazi uRami Chuene uthe uhlale ethola imiyalezo eminingi yezwi evela kuye. Uthe uma umuntu engakayitholi inqwaba yemiyalezo evela kuye, akakaze azizwele.

"Ubeyisimangaliso futhi bengikujabulela kakhulu ukusebenza naye. Wayefana nosisi njengoba ngangimbheka njengentombazane emnyama ngisakhula. Usenze sakholwa wukuthi sikhona isikhala sethu kulo mkhakha. Ubeyikho konke kimina njengoba bengiwuthanda umsebenzi wakhe," kusho uChuene.

Okhulumela umndeni uPercy Vilakazi uthe bazomkhumbula ngazo zonke izinto ezinhle negalelo lakhe endimeni yezokungcebeleka.

BT NEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

# URamaphosa uqoke uMandisa Maya

*Ekubeni uChief Justice wesifazane wokuqala kuleli*

**UMENGAMELI** uCyril Ramaphosa uqoke iPhini leNhloko yamaJaji uMandisa Maya njengeNhloko yamaJaji, kusukela mhla lulunye kuMandulo.

Ukuqokwa kwakhe kulandela ukushiya kweNhloko yamaJaji uRaymond Zondo, isikhathi sakhe sokusebenza esiphela ngo-Agasti 31. Uzoba yinhloko yezobulungiswa yesifazane yokuqala ezweni, futhi useke wahlonishwa njengomuntu ohamba phambili.

Ukuqokwa kukaMaya kuza ngemuva kokuxoxisana ngokuhambisana nemibandela yomthethosisekelo, neJudiciary Service Commission (JSC) nabaholi bamaqembu ezepolitiki ePhalamende likazwelonke, kusho iHhovisi likaMengameli.

Nakuba ukuqokwa kwakhe kuhambisana nesigaba 174 (3) somthethosisekelo, uRamaphosa uveze encwadini ayibhalele uZondo ngoFebhuwari 22 nonyaka ukuthi uhlose ukuqoka uMaya esikhundleni sakhe, kusho okhulumela iHhovisi likaMengameli uVincent Magwanya.

UMaya uqokwe njengePhini LeJaji Elikhulu ngoSepthemba nyakenye ngemuva kokuxoxisana neKhomishini Yemisebenzi Yezobulungiswa. Wayengumongameli weNkantolo Ephakeme Yokudlulisa Amacala ngaphambi kokuba aqokwe njengePhini Lejaji Eliyinhloko.

IHhovisi likaMengameli lithe i-JSC yaqinisekisa ukuthi uMaya ukulungele ukuhola uphiko lwezobuLungiswa ezweni ngokusekelwe kwinhlolokhono, iziqu zakhe kanye nerekhodi lezobulungiswa, izimfanelo zakhe zobuholi kanye namava akhe njengeJaji ezinkantolo ezihlukahlukene.

"Okhomishana baphinde beluleka ngokuthi ukuqokwa kukaJaji uMaya kuzoba yingqophamlando ebalulekile ezweni njengoba uJustice Maya ezoba ngowesifazane wokuqala eNingizimu Afrika ukuqokwa njengeNhloko yamaJaji," kusho iHhovisi likaMongameli.

Ngaphezu kwalokho, kuthiwa uRamaphosa uyakuthokozela ukwethenjwa kweKhomishini Yemisebenzi Yezobulungiswa nabaholi bamaqembu ezepolitiki ngokufaneleka kokuqokwa kukaMaya.



UMengameli UCyril Ramaphosa umemezele Ukuqoka uJaji Mandisa Maya njengeNhloko yamaJaji. Isithombe: MdnTv/Facebook



Kuklonyeliswa UMiss SA 2024,ngoMgqibelo eSunBet Arena eTshwane. Isithombe : Miss South Africa / Facebook

## UMiss SA osanda kuklonyeliswa uzolwela ukubandakanywa kwabantu bonke

**LO** wesifazane oneminyaka engu-29 ubudala waseWestern Cape uthweswe isicoco ngoMgqibelo, 10 Agasti eSunBet Arena eTshwane.

UMia le Roux uqophe umlando njengoMiss SA wokuqala oyisithulu. Ubethembele ekufakweni kwe-cochlear ukuze angenele umncintiswano.

Ungumphathi wezokumaketha, oyimodeli futhi ungumfundi wetoho we-BCom Marketing.

Kwatholakala ukuthi unenkinga yokungezwa lapho eneminyaka eyodwa ubudala futhi wathi umphakathi wakubo wahlangana naye ukuze umnike isipho sokuzwa, ukhuthaze isifiso sakhe sokwenza umthelela omuhle futhi aphule imigoqo.

"Ngizizwa nginenhlanhla futhi ngibonga ukuthi iNingizimu Afrika ingikhethile. Ngiyabonga ngokuthi inhlangano ikhethe umuntu onjengami futhi yabona okuthile kimi. Banginike leli thuba futhi sengikhona," kusho yena.

UMiss South Africa 2022, uNdavi Nokeri, wabelane ngeseluleko sikaMiss SA omusha.

"Siphethe leso sicoco, asikho isidingo sokuthi uzame ukuba nguNatasha, Ndavi noma uLalela olandelayo. Umqhele wakho lo. Usebenze kanzima futhi ukuzuzile. Ngakho-ke, zenzele eyakho," kusho yena.

Omunye wabasiki bengqephu, uLondeka Buthelezi-Ndaba, ukhulume nabezindaba mayelana nokuggqokisa onobuhle emkhakheni wezimpahla zokubhukuda.

"Yimi obhekene nokuqoqwa kwezimpahla zokubhukuda. UMalondie waziwa ngemibala egqamile, ama-kimono. Ehlobo, sihamba sigqamile futhi sinomsindo. Abantu bayalijabulela ihlobo ehhovisi lethu.

"Ngakho-ke, esikwenzile, sikubuyisele kuyi-DNA yakwaMalondie futhi saqinisekisa ukuthi siyakuthatha esihlalweni sakho sikuse esiqhingini saseMaldives noma eMauritius. Nginethemba lokuthi wonke umuntu uzolithanda leli qoqo futhi abone ukukhanya nombala," kusho yena

## IRise Mzansi izogxila entsheni

**IQEMBU** iRise Mzansi elifike labonakala kwezepolitiki muva nje, lithi lizogxila ekuxazululweni kwezinkinga ezibhekene nentsha.

Ngalokhu le liqembu eliholwa nguNkk Nonkululeko Hlongwane_Mhlongo KwaZulu_Natali lifuna ukucathulisa intsha nobuholi obuqotho nokuyifundisa ukuzimela.

Le liqembu litho lisazoqhubeka nesiqubulo salo sokwandiswa kwabaholi abaseyintsha abazosebenzisa ubuhlakani amandla abo ekwenzeni iNingizimu Afrika entsha nokuphilekayo kuyona.

Lo mholi uthe sebeziqalile izinhlelo zokufundisa nokulekelela imiphakathi ngeCommunity Kitchens esiza ngokudla emaWadini ayi_15 njalo ngoLwesithathu nangeMigqibelo. Basebenze kakhulu nokusiza abantu basoThongathi abakhahlanyezwa yizikhukhula.

"Sifuna ukubeka phambili isithunzi somuntu omusha ngokuthi abe yingxenye yokwesikwenzayo.

"Lokhu kuzoba yisiqalo sokwakha ubuholi bomphakathi obuqotho.

"Sizoyinika amathuba okuzenzela izinto, iyeke ukwethembela ekunikezweni kumbe ukukhangezwa kodwa ifunde ukuthi konke nakho okuqhamuk ezithukuthukwini zayo, " kusho uHlongwane_Mhlongo.

Weluleke intsha ngokuthi uma u_Plan A ungakusebenzeli, mayidlulele u_Plan B kanjalo no_Plan C.

Uthe mayingakuvumeli ukwehluleka kodwa mayilwe ize iphumelele ekuzuzeni okuhle.

Ukwenza kanjalo uthe kuzoyiqinisa ukhakhayi ngo kuba yizakhamizi ezenza futhi zibone izinto zisekude bese ziyazilungiselela.

Udalule ukuthi bazonxusa zonke izinhlaka zomphakathi ezisebenza nezikole ekuqiniseni uzinzo njengoba sekwande izigigaba ezimbi.

Ubalule ukuthi kuzoqiniswa ukuqedwa kwezidakamizwa, ukuphathwa kwezikhali nokuqonelana (bullying) kwezingane.

Isikole nothisha kufanele babuyelwe yisithunzi sakudala, sibe yindawo ehloniphekile ephephile kubantu abasemagcekeni aso.

Oshicilweleni olulandelayo sizokhuluma ngokuvuselelwa kwamavulandlela (scouts) nama_girl guides ezikoleni.

Okunye wukwakheka nokusebenza komasipala, izinhlangano zentsha, ezemfundo nezinyunyana zayo, ukuqondiswa kobugwegwe enganeni nokunye okuningi.




UNKK Nonkululeko Hlongwane_ Mhlongo ongumholi weRise Mzansi KwaZulu_ Natali uthi makwakhiwe intsha ukuze ibe ngabaholi bakusasa abaqotho

# Lungela ukugqugquzeleka owesifazane kwezamabhizinisi

**OSEBENZE** Kanzima ukufinyelela ezingeni akulo njenga manje ukhala ngokuncipha kokusekwa kwembokodo emikhakheni eminingi. Loyo ngu Zodwa Mtolo okhulele elokishini laseMlazi esigcemeni sakwa 'Z' emafezini kodwa osezinze e-Ballito kwaDukuza, eSifundazweni saKwaZulu Natali.

UNkosikazi Mtolo ongumqondisi weDecomms Consultancy PTY LTD aphinde abe ngumphathi we-Mostert Pest Control KZN Franchise, esikwenzayo siqeda izinambuzane, amaphela, izimpukane, amagundane, nomuhlwa siphinde ukulawulwa kwezinambuzane kubandakanya ubuthi bomhlaba , esibalela nje okumbalwa emsebenzini awenzayo. Uqhube wathi esaqala kwakunzima kakhulu ngoba kwakungekho umuntu omethembayo kakhulukazi ngoba engumuntu wesifazane omnyama, ukhala ngokuthi akekho owayethemba ukuthi angawenza umsebenzi futhi awenze kahle, emkhakheni owaziwayo ukuthi ugcwele amadoda.

Indlela engaqongelela ngayo amaclient ngaqala ngokufuthela abangani bami nomdeni ezindlini zabo, ngoba lokhu kwangisiza ekutheni abantu bakhulume ngomsebenzi wami ,ngekathi bekhuluma ngawo yilapho abantu bawazi khona umsebenzi engiwenzayo. Ngemuva kwalokho ngahlabana nezinkontileka ezimbalwa, kwaba u-Transnet, Ballito Junction ,Umnyango wezolimo, isonto le-KCC ukubala nje okumbalwa.

Ukungena kwami kwi-Pests Control kwangilidela ekungeneni kwi-Contstraction, lapho ngangidinga ukukhula njengo wesifazane osebhizinisini. Umsebenzi wami wokuqala kapende ngawunikwa yiklayenti lami, elangethemba ngoba libona igaalelo lami emsebenzini, ngaqala ngokudideka ngingazi ukuba ngithatheni ngihlanganise nani lokhu okwaholela ekutheni ngicishe ngilahlekelwe yiklotileka yami yokuqala.

Abasebenzi bami bokuqala babengangihloniphi futhi bengathandi ukuphathwa umuntu wesifazane, bengintshontshela upende futhi belova emsebenzini benza ukuthi impilo yami ibenzima futhi name ngizingabaze ukuthi ngizokwazi yini ukuqhubeka kulomkhakha ogcwele amadoda.



Zodwa Mtolo ongumqondisi weDecomms Consultancy aphinde abengumphathi we-Mostert Pest Control KZN Franchise

Umeluleki wami wanginxhusa ukuba ngixoshe iqembu lokuqala ngithole elinye iqembu elizozimisela ngomsebenzi.

Ngokwenze njalo izinto zashintsha nomsebenzi wahamba kahle, manje sengi nabasebenzi abangu-30 namasayithi amathathu asentshenzwa ngu-Decomms Painters nomsebenzi usuhamba ngendlela elindelekile, ngisele nabaasebenzi abawuhloniphayo umsebenzi nabaziyo ukuthi bafunani empilweni. Empilweni akukho ongungakuhlula uma usebenza ngokuzikhandla, usebenza kanzima futhi uzithemba.

Owesifazane angangena kunoma yimuph umkhakha afisa ukungena kuwo enze noma yimuh umsebenzi afisa ukuwenza, lawo amazwi ka-Nkosikazi Zodwa Mtolo esevala uthi-PHAMBILI NEMBOKODO!

## IQhikiza Lifestyle iqhakambisa i_Howick



Sindy Ngubane, Qhikiza Lifestyle

**UKUSALELA** emuva kwempilo kubantu baseHowick namaphethelo, sekuzophelelwa yisikhathi njengoba kuzokuqhakanjiswa kwamakhono abo anhlobonhlobo abengaziwa.

Lokhu okushiwo nguNksz Sindy Ngubane weQhikiza Lifestyle ehlela i_Howick Festival nesiqubulo esithi: "Small Town Big Dreams"

Lo mkhankaso wethulwe eMandela Capture Site kanti usuku lwe festival lusazomenyezelwa.

USindy uthe abaxhasi balo mcimbi bahoxe ekugcineni kodwa ngeke aphele amandla okungqongqoza eminyangweni eyahlukene aze aluthole usizo.

OkaMbovu uthi ufisa ukugqamisa amabhizinisi anhlobonhlobo, abadlali namaciko endawo angasizakali ngamakhono anawo ngoba engaziwa.

"Indawo yaseHowick inothile ngomlando, ezokuvakasha, ezolimo nezimboni kodwa abantu bakhona abazuzi lutho ngalokho futhi bayahlupheka.

"Lokhu kuzofika ekugcineni ngokugqamisa amaciko, abadlali nosomabhizinisi abanganakiwe ukuze bazuze ngamakhono abanawo, " kusho uNksz Ngubane.

Le ntokazi yaseLyons River izocushisa amaciko ngomongo wokuphumelela kwawo nangolwazi ngamalungelo awo ukuze anganikeli ngefa lawo emaqoleni akule mboni.

Lokhu uthi4 kuhlanganisa ukusayinwa kwezinkontileka kanjalo5 nokudayiseka kwemisebenzi yamaciko okufanele kuhambisane nemihlomulo yakho.

Unxuse wonke amaciko, osomabhizinisi nabezemidlalo ngokuhlala belinde usuku.

Abafisa ukwazi ngeminye imininingwane bangashayela kule nombolo 0660105127 bacele uThulasizwe Hlatshwayo.

## OwaseNtuzuma uhlabene kwiBasadi Music Awards 2024

**IKWAZULU**_NatalineTheku baphinde bakufakazela ukuthi bayikhaya losaziwayo emikhakheni eyahlukene.

Lokhu kufakazelwe wukuhlabana kuka_Anele Aphiwe Myongwane njenge_ Afro Pop Artist Of The Year kwiBasadi Music Awards 2024.

Ukuhlabana kwalo mfundi waseKhethokuhle Secondary School eNtuzuma ofunda ibanga le_12, kushiye uNgqongqoshe wezeMfundo KwaZulu_Natali uMnuz Sipho Hlomuka ehlabeke umxhwele.

UNgqongqoshe Hlomuka uthe ithalente lika_Aphiwe liphakamise ifulegi laKwaZulu_ Natali kanti ngeke lifaniswe nelamuntu kulo mkhakha aqokwe kuwona.

Uqhubeke ngokumkhuthaza ngokuhlabela phambili kukhulu okusalindeleke kuyena.



UNALEDI Aphiwe Myongwane oqokwe njenge_Afro Pop Artist Of The Year kwiBasadi Music Awards 2024.

Uphethe ngokubongela isifundazwe wonkana ngokuthi #KZNProud#KZN DOE#Basadi Awards #Education Excellence Aphiwe_Basadi Award Winner

## Owe-Blaq Mermaid usejoyine Vibe Fm

**UHAMBO** lokusuka emsebenzini ozinzile we-8 kuya ku-5 ukube usomabhizinisi onemisebenzi eminingi ludinga ukugqama, uthando, kanye nokukholelwa okungenamkhawulo embonweni womuntu.

KuLouise Phama, lolu hambo lube nemigubho ebalulekile, konke kuphetha ngesonto elingachazwa kuphela ngokuthi lishintshe kakhulu impilo yakhe.

Kusukela ekusunguleni iBlaq Mermaid Media ngo-2016, uLouise ubekade ezinikela ekwakheni uhlobo oluveza izifiso zakhe zokudala kanye nokuzibophezela kwakhe ekugqwaliseni umsebenzi. Nokho, bekungakaqali kuze kube umhlaka-8 Agasti 2023, lapho iBlaq Mermaid Media igubha ukuvela kwayo njengenkampani yezindaba esezinzile ngokugcwele.

Lo mzuzu ubulinde isikhathi eside, umphumela womsebenzi onzima weminyaka, ukuzikhandla, kanye nothando olujulile lokuxoxa izindaba kanye nezindaba zemedium.

Kodwa uhambo lukaLouise aluzange lumiswe lapho. Ezinsukwini ezimbalwa nje emva kokugubha usuku lwakhe lokuzalwa, ngoMsombuluko, umhlaka-5 Agasti, wathatha indima entsha njengeMenenja Yezokuthengisa kwaMedibed, inkampani enakekela ukuhlanzeka kwemibhede ehlala izinze kakhulu eThekwini naseKapa.

Lena inkinga entsha eyamvumela ukuba akhule ebhizinisini lakhe ngokuhlanganisa ulwazi lwakhe kwezindaba kanye nobuhlakani bakhe kwezokuthengisa kanye nokuphathwa kwebhizinisi.

Njengoba lokhu bekungekho okwanele ukugubha isonto elimangalisayo, uLouise uphinde wangena esikhundleni sokuba ngumethuli omusha wohlelo lwezohwebo kuVibe FM, olusakazwa njalo ngoLwesibili kusukela ngo-19h00 kuya ku-21h00.

Le ndima imnika ithuba lokwabelana ngolwazi lwakhe, axhumane nabanye osomabhizinisi, futhi agqugquzele abalaleli abasezingeni eliphezulu ohambweni lwabo lwebhizinisi.

Ukulinganisa lezi zindima - uMqondisi weBlaq Mermaid Media, iMenenja Yezokuthengisa kwaMedibed, kanye nokuba ngumethuli woMsakazi - akulona ibanga elilula.



ULouise Phama: Isonto Lemigubho Nemisebenzi Esha*ngeNyanga yabwsifazane.

# Likhule ngokumangazayo isasasa kuma KZN Namuhla Artists Awards 2024

LIKHULE ngendlela emangazayo isasasa lomncintiswano weKZN Namuhla Artists Awards 2024, njengoba kulonyaka uqeda iminyaka emithathu yasungulwa uMhleli wawo uNksz. Sheila Mhlongo ophinde abe umsunguli wephephandaba.

Lomncintiswano weKZN Namuhla Artists Awards usungulwe ngonyaka ka 2022 ngenhloso yokuhlonipha amaCiko aKwaZulu-Natali asafufusa okuhlanganisa nawaseThekwini namaphethelo. Kuphinde ngawo kubungazwe iminyaka yokusungulwa kwephephandaba okuhambisana futhi nokubungazwa kwenyanga yamaGugu eba njalo ngo Septhemba.

Iphephandaba iKZN Namuhla lasungulwa ngenyanga kaSepthemba 1998. Lokhu okwenza ukuthi lonyaka kube oka-26 labakhona.

Ngonyaka ka 2022 lomncintiswano waheha amaCiko ayevela komasipala abehlukene base KZN okuhlanganisa neTheku. Kanti bonke abadla umhlanganiso kulomncintiswano babevotelwe ngendlela ye SMS. Ngonyaka ka 2023 kube sekungenela namaCiko avela



Umhleli uSheila Mhlongo emukelisa indondo kwelinye lamaciko ngonyaka odlule

ezifundazweni iGauteng, Eatern Cape kanye KZN kusetshenziswa yona indlela ye SMS.

Kulonyaka ka 2024 kushintshile indlela yokuvotelwa kwamaCiko ngoba kusetshenziswa uhlelo lokuthengwa kwamavoti ngenani lika R2, ivoti ngalinye imali ifakwa ebhange lephephandaba.

"Ngesikhathi siqala loluhlelo lokuvotisa ngokuthengwa kwamavoti ngalendlela sasinovalo sicabanga ukuthi ingase ingamukeleki kumaCiko, kodwa samangala sesibona likhula isasasa lokungenelwa komncintiswano njengoba isibalo sikhule sayofinyelela ku 45 wamaCiko." Kuchaza uMhleli.

Eqhuba uMhleli uthi empeleni enye inhloso yokwenza lomncintiswano ngalendlela yokuthengwa kwamavoti ukuqokelela imali yokusimamisa iphephandaba kanye nokubhekana nezindleko zokusingatha lomcimbi wokuhlonipha amaCiko athole amavoti amaningi kunamanye.

"Okuhle kakhulu kulonyaka ukuthi ngaphezu komklomelo wezindondo kanye nezitifiketi wonke amaCiko athole amavoti amaningi azothola nomklomelo ongeziwe kaCash osukela ku R250 kuya ku R1500 nangaphezulu kuye ngokuzimisela kwawo amaCiko." Kubeka uMhleli.

Ukuvotelwa kwalomncintiswano weKZN Namuhla Artists Awards 2024 kuvulwe ngomhlaka 15 Juni kanti uyoze uvalwe phakathi namabili ngomhlaka 3 Septhemba. UMhleli uphinde waveza ukuthi lisekhona impela ithuba lokuvota kumaCiko.

Kulomcimbi futhi uMhleli uyophinde ahloniphe nabesifazane abenza umehluko emphakathini abavela emikhakheni eyahlukene okubalwa ezobuCiko, ezemfundo, kanye nezokusakaza.

Kuwo lomcimbi uMhleli umema abalandeli bamaCiko, abezindaba kanye nomphakathi waseKZN kanye naseThekwini namaphethelo ukuthi ufike uzozibonela amaCiko eshiyelana inkundla ethola nemiklomelo yawo. Imali yokungena : General-R100 kanti ama VIP - R150 emnyango.

Ephetha uMhleli uthe lomcimbi we KZN Namuhla Artists Awards uyobe ubanjelwe eThekwini Community Church, kunombolo 163 Smith Street, ngoMgqibelo womhlaka 7 Septhemba 2024 kusukela ngehora lika 11 ekseni kuya kwihora lesithathu ntambama.

# Vuma ukwahluleka



Nomvula Ntuli
0728988081
motivation2.souls@gmail.com

Ngiyabingelela kubobonke abafundi bephephandaba. Ngicela nje kuseyinyanga yabantu besifazane ningivumele ngikhulume nabantu besifazane.Iqiniso l ithi abantu besfazane abaningi ibona ababanjwe isifo sengcindezi kakhulu ngenxa yokuzenza abanamandla nalapha isidingo singekho khona. kahle ayikho into esiyisaba njengokuthi kuthiwa sihlulekile.

Siyakwesaba ukuhluleka siyalisaba ihlazo. Kunabantu abavuka ekuseni bagqoke uhleko (smile) behleke bebe belimele ngaphakathi.

Iningi labantu besifazane baphila amanga benze ngathi konke kuhamba kahle Kanti bafile ngaphakathi.kunabantu okuhlanganwa ngabo kuzobungazwa ukwahluleka kwabo,kubungazwe ukungaphumeleli kwabo.

Kunabantu besifazane abakuzama konke kodwa akulungi konke. kunabantu besifazane abathwele la ngaphandle bese kwayena aze azikhohlwe athi mina nginamandla okukwenza ngeke ngihlulwe into engakhulumi,uma kungasenzeki ngokufuna kwakho besuthi uzofohla uzame ukufohla noma amandla engasekho.

Ziningike izincindezi esizithola sibhekana nazo, abantwana,imishado,ukuzama ukuhlanganisa impilo konke kunqabe.

Kunomuntu wesifazane othi kanti yini engahambi kahle ngami.ngifuna ukuzokutshela ukuthi ayikho into engahambi kahle (wrong) ngawe.

Ngikhuluma mina ngomuntu ojikelwa abantu bonke,umuntu ohlangana nabantu abangalunganga bese ugcina usucabanga ukuthi inkinga inawe.

Ngifuna ukuzokutshela ukuthi ayikho into eyiphutha ngawe okungenzeki akwenzeki musa ukuphoqa noma sekuphela amandla ngoba uthi nginamandla (I'm strong).

Iningi lethu sihamba nezibazi okungalula ukuba ziphole ngoba asikwazi ukuxoxa ngazo.

Abantu bakubona ungenye into kanti ungenye into. Phila impilo yakho ungasabi ukukhulunywa ungasabi ukuhlekwa,akekho owathi kuyoba Lula endleleni.kuthiwa sinamandla yebo ngiyavuma sinawo sebenzisa lawa onawo ungaphoqi ongenawo

Ungakuvumeli ukuvaleleka ekopini. kwesinye isikhathi uyazivalela entweni kanti yazibambezela.

Ngifuna ukuzothi kuyoyonke into zibeke kuqala ilwelwe injabulo yakho. Ungafisi ukujabulisa abantu abangenandaba nawe.

Ungafuni ukuthandwa abantu abangafuni ukukuthanda ungaphoqi isimo masingavumi. Ungazenzi into ongayona.Injabulo yakho ayifike kuqala.kunezinqumo okumele uzithathe isimo singavumi Philela nekusasa ungaphileli imanje ngoba, ungakhaleli isikhathi kusasa uzisole uthi ukube ngabe. impilo idinga isibindi kunezinqumo engeke zithathwe inoma ubani ezizothathwa abantu abanesibindi.

Ngicela kuvuke abantu besifazane abanenkani kodwa mawubona uyahluleka vuma ukwahluleka.ukwahluleka namuhla akusho ukuthi kusasa ngeke kulunge.

Ukuqala kabusha ungakwesabi empilweniu ngakuvumeli ukugcinezelwa egameni lokuthi uwumuntu wesfazane.

Abaningi besifazane balahlekelwe ukuzethemba ngenxa yezinto ezikhulunywe kubo ngenxa yezimo abadlule kuzo bezama ukuba abaphikelelayo.

Kodwake kuyake kuthiwa abaphumelelayo ilaba abangayekeleli kodwa amandla mayephela vuma.



Umsakazi weVuma FM uJacinta Ngobese obeshada noXolani Zuma KwaMashu, ngoMgqibelo. Isithombe: Emacous Photography/ Facebook

# Indumezulu yomshado womsakazi weVuma FM ushiye abaningi bebambe ongezansi

**Andile Tsotetsi**

Umsakazi weVuma FM, uJacinta Ngobese, unconywe ngokuhlelela abalaleli bakhe umshado oyimpumelelo ngo-2023, obizwa ngeProvincial Wedding.

Umshado wakhe obungoMgqibelo odlule usuqanjwe ngokuthi umcimbi wonyaka ngenxa yokuthi bekukhona osaziwayo abaningi okubalwa kubo abasakazi boKhozi FM neGagasi FM, abalingisi nosopolitiki abafana noNomusa Dube-Ncube owayenguNdunankulu waseKZN.

Ubuhanjelwe nanguNkosikazi kaMengameli Jacob Zuma, uThobeka Madiba Zuma.

UJacinta othula uhlelo oluthi "The Cruise with Jacinta Ngobese" kusukela ngo-9 ekuseni kuya ku-12 emini phakathi nesonto, ushade nesithandwa sakhe uXolani Zuma ngoMgqibelo, 10 Agasti.

Umshado wabo uqale kwaJacinta esigcemeni sakwa-E waphelela ePrincess Magogo Stadium, KwaMashu, enyakatho yeTheku.

UJacinta uhlele ngempumelelo umshado wabalaleli bakhe uNkosinathi Hadebe noZandile Cele ngo-2023.

Umakade ebona womsakazi woKhozi FM Dudu Khoza, nowayengu msakazi woUkhozi FM Linda Sibiya, Umsakazi woUkhozi FM Selby Mkhize, Dj Cndo, Gagasi FM Head of Audience Alex Mthiyane, umlingisi wo Umkhokha: The Curse Naymaps Maphalala, Uthando Nesthembu Star Thobile Makhumalo Mseleku bebeyingxenye yabanye abahambeli lomshado.

Abaningi abebehambele lo mshado bebewubiza ngomshado wonyaka.

Omunye wabangani bakhe, utshele abezindaba ukuthi bekuwumshado wonyaka. Bafinyelele lapho ngenxa yezinga obekulo lomshado, ngokwendawo, izihambeli, kanye nekhwalithi yokudla neziphuzo.

"Bekuwumshado omkhulu kunayo yonke futhi besiqala ngqa ukubona lowo owayenguNdunankulu waseKZN uNomusa Dube-Ncube esidlangalaleni selokhu akhishwa njengoNdunankulu wesiFundazwe.

"Umshado ubuhlelwe kahle. Akekho owayekhala ngokuthi akadli noma akaphuzi, saqonda ukuthi yingoba uJacinta ungumhleli omuhle njengoba eke wahlela umshado wabalaleli bakhe ngo-2023," kusho yena.

ETHEKWINI MUNICIPALITY
ITheku talks
KEEPING YOU IN THE KNOW
NGO-2030 ITHEKU LIYOBE LINGU NGQA PHAMBILI

# Uqhubeka kahle umsebenzi esikhungweni sokuhlanza amanzi

UKULUNGISWA kwesikhungo sokuhlanza amanzi, iNorthern Wastewater Treatment Works, kuqhubeka kahle futhi usukhona nomehluko ezingeni lamanzi ahlanziwe aphuma kulesi sikhungo.

Lesi sikhungo samukela amanzi angcolile aqhamuka emakhaya nasezimbonini, siwahlanze ukuze abe sezingeni elamukelekile ngaphambi kokuba adedelwe emfuleni.

INhloko yoPhiko lwezaManzi nezeNhlanzeko eThekwini, u-Ednick Msweli, ivakashele kulesi sikhungo ngomhla ukuyohlola inqubekelaphambili yomsebenzi wokulungisa oqhubekayo.

Lesi sikhungo simatasatasa njengoba usonkontileka esebenza ubusuku nemini ukuqinisekisa ukuthi amanzi angcolile aphuma kulesi sikhungo ahambisana nemigomo futhi asezingeni elamukelekile ngaphambi kokuba adedelwe.

Ezinye zezinyathelo zokungenelela ezithathwayo ukuze kuqinisekiswe ukuthi amanzi angcolile asezingeni elamukelekile ngaphambi kokuba adedelwe zifaka ukukhucululwa kwamachini amumatha enye yendle eyamukelwa yilesi sikhungo.

Lesi sikhungo sinamachibi ayisihlanu asetshenziswa njengengxenye yenqubo yokuhlanza amanzi angcolile ngaphambi kokuba lawa manzi asehlanziwe adedelwe emfuleni.

Lesi sikhungo sokuhlanza amanzi sacekelwa phansi yizikhukhula ezasishiya singakwazi nhlobo ukusebenza njengoba sasicwile emanzini.

UMasipala wenza umsebenzi wokulungisa ophuthumayo ukuze kuvulwe ingxenye yalesi sikhungo ngesikhathi kusaqhubeka umsebenzi wokusilungisa kabusha.



**INhloko yoPhiko lwezamanzi eThekwini uMnuz Ednick Msweli, uhole ithimba lochwepheshe, nabezindaba bayohlola umsebenzi osuwenziwe njengoba kwakhiwa kwe Northen Wastewater Treatment Work.** Isithombe: SANELI MTHALANE

Usonkontileka olungisa lesi sikhungo uqale ukusebenza ekuqaleni kwalo nyaka. Lo msebenzi ubiza uR500 million kanti kulindeleke ukuthi uphothulwe ngo-2027.

Lo msebenzi wenziwa ngezigaba ezahlukahlukene. Lokhu kufaka ukuqinisekisa izinga lamanzi elamukelekile ngaphambi kokuba adedelwe, ukulungiswa kwezingxenye zesikhungo ezilimele, okukhona kuzona emumatha umthamo owu-50 megalitres ngosuku nemumatha u-20 megalitres ngosuku, ukuze lesi sikhungo sibuyele sisebenzise umthamo waso ophelele owu-70 megalitres ngosuku.

UMsweli uthe uhlabeke umxhwele ngenqubekelaphambili esikhona.

Uthe lolu phiko lugxile nasekuqinisekiseni ukuthi izindawo zokupompa amanzi angcolile ezingomakhelwane nazo ziyasebenza ukuze kunqandwe ukungcoliswa kwemvelo.

Uthe ukuntshontshwa nokucekelwa phansi kwempahla kagesi eziteshini ezingomakhelwane yizona zingqinamba ezivamise ukuholela ekutheni lezi ziteshi zichichimele emfuleni.

"UMasipala uzoqhubeka nokuthatha izinyathelo ezahlukahlukene zokunqanda ukungcoliswa kwemvelo nokuhlolwa kwezinga lamanzi, okuwumsebenzi owenziwayo njengamanje."

## *Izingxoxo zokuhlinzeka kangcono amanzi noMngeni-uThukela*

NJENGENGXENYE yemizamo eqhubekayo yokuqinisekisa ukuhlinzekwa kwamanzi ngaphandle kwezihibe eThekwini, iMeya yeTheku uKhansela Cyril Xaba, ihole ikomidi eliphethe, i-EXCO, emhlanganweni noMngeni-uThukela Water ngomhla ka-26 Julayi.

Phakathi kwezihloko ezibalulekile okubhungwe ngazo kulo mhlangano kubalwa izinyathelo zokungenelela odabeni lwamanzi amoshekayo angangenisi nzuzo nokuncishiswa kwamanzi ngesikhathi kusaqhubeka imizamo yokunqanda ukumosheka kwamanzi.

Ubuholi bukaMasipala buphinde bachazelwa ngezinhlelo ezinkulu zengqalasizinda yamanzi neyokuthuthwa kwendle eziqhubekayo, inhloso yazo okuwukuqinisekisa ukuhlinzekwa kwamanzi ngendlela efanele.



**UMeya waseThekwini uKhansela Cyril Xaba ubambe umhlangano noMngeni-uThukela Water ukudlana indlebe ngezindaba zokuphakelwa kwabantu baseThekwini amanzi angenamkhawulo.**

UMeya Xaba ujabulele ithuba lokuhlangana nobuholi bale nkampani yamanzi ukuze bathole izixazululo zezinkinga zamanzi eziqhubekayo. Unxuse izakhamizi ukuba zisebenzisane noMasipala futhi ziqhubeke nokonga amanzi.

USihlalo weMngeni-uThukela Water Board, u-Advocate Vusi Khuzwayo, uthe kubalulekile ukuba uMasipala nale bhodi baqhubeke nokusebenzisana ukuze bonke abantu bahlinzekwe amanzi ngendlela.

Wengeze ngokuthi uMngeni-uThukela Water uzoqhubeka nokweseka uMasipala weTheku ngokuphuthumisa izinhlelo ezahlukahlukene zokuhlinzekwa kwamanzi njengesikhungo iManzimtoti Water Works nohlelo lwedamu laseMkhomazi.

## Kubhekwana nesidingo sezindlu ezingambi eqolo enkabeni yeTheku

KUHLELWA ukuba kwakhiwe izindlu ezingu-7 000 enkabeni yeTheku eminyakeni embalwa ezayo. Lokhu kwenzelwa ukubhekelela isibalo sabantu esikhulayo nesidingo sezindlu ezingambi eqolo.

Lokhu kuvele emhlanganweni iTown Talk lapho bekudingidwa khona amathuba ezindlu enkabeni yeTheku njengengxenye yomkhankaso wokuvuselela iTheku.

Ngenxa yokukhula ngesivinini kwamadolobha, amadolobha amaningi aseminyene futhi ayaphoqeleka ukuba ahlele kabusha izindawo ezisenkabeni yamadolobha ukuze kubhekwane nalokhu kwenyuka kwesibalo sabantu. ITheku selivele liqalile liyawuzwa umthelela walokhu kwenyuka kwesibalo sabantu emadolobheni.




**Umdwebo wobuciko okhombisa uhlelo lwezindlu oluzoba senkabeni yeTheku ngenhloso yokubhekana nesidingo sezindlu.**

Inhloso yesu lokuvuselela iTheku, wukuhlinzeka izindawo zokuhlala abantu, kubantu ababalelwa ku-450 000 enkabeni yeTheku. Okungenani, u-40 wamaphesenti walezi zindawo zokuhlala uzoba yingxube yezindlu ezingambi eqolo, izindlu ezixhasiwe zabahola kancane, nezindlu eziqashisiyo ezingambi eqolo.

USma Moloi, oyiPhini leNhloko yoMnyango weZindlu oPhikweni lwezokuHlaliswa kwaBantu eThekwini Municipality, uchaze lezi zindlu njengezindawo zokuhlala lapho uhulumeni ubambisana khona nezinkampani ezizimele ukuhlinzeka izindlu ezingambi eqolo kulabo abahola imali ethile abakwazi ukwenza isivumelwano sokuqasha nomnikazi waleyo ndawo. Uhulumeni uhlinzeka ingxenye yoxhaso nemali yokwakha ingqalasizinda.

UMasipala usebenzisa nesu lawo lokuhlinzeka umhlaba ukuze kuphuthunyiswe ukwakhiwa kwezindlu ezingambi eqolo.

Echaza, uMoloi uthe zininingi izindlela zokukhuthaza abakhi bezindlu eziqashisayo ezingambi eqolo.

ETHEKWINI MUNICIPALITY
MASONGE AMANZI
UKUZE SIQINISEKISE UKUTHI SINAWO NAKUSASA
073 1483 477 | 080 311 1111

BT NEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

# Ezemidlalo

CONTACT THOBILE BLOSE NOW TO ADVERTISE & GROW YOUR BUSINESS!
Contact No: 031 909 0006
e-mail: thobileb@btnews.co.za
www.btnews.co.za
BT NEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI



# Ubhukude okokugcina kwiParis 2024 uSmith



UTATYANA Smith onqobele iNingizimu Afrika indondo yegolide usethi khumu kwezokubhukuda

**Nash Ngcobo**

UMBHUKUDI onqobele iNingizimu Afrika indondo yegolide ku_100m kwi_Olympic Paris 2024, usephonse ithawula ekumeleni izwe.

Lowo ngu Tatyana Smith obuye nezindondo ezintathu kule midlalo maqede wamemezela ukuzibeka phansi ekubhukudeni.

Uthe asikho isikhathi esihle nje ngalesi ukushiya iqembu esizwe elinqobele indondo yegolide kuma_Olympic.

Nakuba ekuyeka ukubhukuda, akawushiyile lomdlalo unomphela kodwa uzoba nesandla esikhulu ekuthuthukisweni kwawo.

Nakuba engakazi ukuthi uzowuthuthukisa kanjani, kodwa ufuna ukubamba iqhaza elikhulu kuwona.

Lo mdlalo udinga kakhulu ukuthuthukiswa ezindaweni zasemakhaya nasemalokishini nezakhiwo zamadamu nokuqeqeshwa kwababhukudi kusukela emazingeni aphansi.

Ngolwazi aselutholile uSmith kulo mdlalo Kungenzeka abengumqeqeshi, imenenja yeqembu, eyokumaketha iSwimming South Afrika noma ayifunele abaxhasi.

"Lona ngunyaka wami wokugcina ngigqoke imbala eNingizimu Afrika njengombhukudi, sengithi khumu.

"Kuningi engisafuna ukukwenza Empilweni njengomuntu wesifazane kodwa ngizimisele ukusiza kuwona noma yingayiphi indlela " kusho uSmith.

Sise kuyo yama_Olympics iqembu labesifazane lebasketball lase_USA ligile izimanga ngokunqoba lomdlalo kwama_62.

Lokhu likwenze ngokwehlula France. Nakunobhutshuzwayo liphinde lavikela isicoco okwesihlanu iminyaka ilandelana ngo kushaya Brazil ngo_1_0.

Sisekuyo inyanga abesifazane, lapha ekhaya uKarla Chwane uqokwe njengokaputeni weProteas Netball South Afrika.

UChawane akamusha kulesi sikhundla njengoba ebeyiphini likaBongiwe Msomi osethathe umhlalaphansi ekudlaleni.

UZandile Mdodana uqokelwe kwesokuba yiphini lomqeqeshi Jenny Van Dyk.

# Inkundla ihoxise uSuthu kokaMangosuthu

**Nash Ngcobo**

UKUHOXA kwaMaZulu FC kwiMangosuthu Legacy Cup, kube yisifundo semiphumela yokungabhekelelwa kwengqalasizinda.

Lo mqhudelwano waminyaka yonke wokulungiselela ukuqala kwesizini yePremier Soccer League udlalelwa Olundi Regional Stadium.

AmaZulu FC akhale ngokuthi le inkundla ayikho esimweni esihle izobalimazela abadlali.

Acele ukuthi lomqhudelwano udlalelwe Princess Magogo Stadium noma eKing Zwelithini Stadium, kodwa bangavuma abagqugquzeli.

Lena yinselelo ebhekiswe kuHulumeni woBumbano yokuthi imiphumela emihle iyasetshenzelwa.

Lokhu kusanda kufakazelwa nguNgqongqoshe kazwelonke wezeMidlalo, ezobuCiko namasiko uMnuz Gayton Mackenzie yokuthi akukho zindondo zegolide ezizotholakala uma imidlalo ingenazo izinkundla ezifanelekile.

Lokhu ukusho emva kokungabuyi nezindondo eziningi kweNingizimu Afrika kwi-Olympics Paris 2024.

UPhilani Ndlela ongumxhumanisi woSuthu nomphakathi uthe balinyalelwa ngabadlali kwiPremier's Cup ebidlalelwa kule6 inkundla enqotshwe yiRoyal AM, ngakho_ke balinyalelwa ngabanye futhi.

UMeya woMkhandlu was'Olundi uMnuz Wilson Ntshangase uthe isicelo sokulungiswa kwale nkundla usesithumele ehhovisi elifanele ukwenza lomsebenzi.

Kuzobe kungunyaka wokuqala AmaZulu engekho kulo mqhudelwsno kanjalo nosingaye uShenge njengoba engasekho emhlabeni.

Lomqhudelwano uzovulelwa yizifundo zokuqeqeshwa kwamantombazane madlala kunobhutshuzwayo ezikoleni zesifunda iZululand ngoLwesihlanu lukaMandulo 6 (September).

Ngakusasa ngoMgqibelo kuzovula yiRoyal AM neRichards Bay, kulandele iNsingizini Hotspurs yaseSwatini neqembu esilobe lingakaziwa elizothatha indawo yoSuthu.

Emva kwalomdlalo kuzonandisa6 iKaizer Chiefs Legends neKZN Masters Legends.

UShenge wayengayifuni into eqanjwe ngaye engeke izuzise abaswele.

Ukungalungiswa kwale nkundla, kunciphe ithuba lokubonakala kwabadlali abangaziwa abazobe bengekho kulomqhudelwano.



AmaZulu FC okuyiqembu ayez ifela ngalo uMntwana waKwaPhindangene lihoxile kwiMangosuthu Legacy Cup ngenxa yobubi benkundla